# South African Native National Congress.

## NGESISEKO SOMTETO WEKONGRESI.

EMHLANGAWENI omkulu wesizwe obuse Kroonstad ngo August 19I5. kwa vunyelwana mayelana nemiteto (Consititution) ngokupakamisa kuka Mr. R. W. Msimang, um'meli eJozi, esekelwe uDr. W. B. Rubusana wase East London—gokut:—

LOMHLANGANO we Congress aweneliiwe isiseko (Constitution) semiteto ekona ngenxa yokuba ungenayo imigwaqo emisiweyo yokusekela impato nenqubo yemisebenzi we MBUMBA enganga lena, ikakulu kulezinhloko:—

1. Ngezindhlela zokungeniswa nokucitwa kwemali.
2. Ngokudhlelana kwe Congress enkulu nenhlanganiso sesigodi (Provinces) namagatsha. Ngokuhambisa izindaba nokoNgamela ngamagunya izinhlanganiso namalungu azo.
3. Ngemigwaqo yokuquba nokupata inhlanganiso nezama Komiti. NGENXA yaloko, lenhlanganiso ivumelana ngokuti konke okusekwe ngapambili kuba luxoxwe ngokulungisa isisko se Congress makuyekwe kuze ke:—

(a) Ivuyulwe iKomiti yama doda alishumi ukuba abhekisise izinguqulo ezi pal anyisiweyo, izilungise noma yenezezek, noma yenze ilungise imiteto emitsha. (b) IKomiti ibe namandhla okuzikatela abeluleki nabancedisi babe batatu isigodi sisinye, noma bamise umhlaziuli (draftsman) wabo noma engosenetetweni, aholelwe ngokubona kwe Komiti. (c) Umgcinisikwama se Congress enkulu aze alungise imali engedhlali ku £50. yokubhekana nalomusebenzi weKomiti. (d) IKomiti itumele ngapakati kwenyanga ezisitupa ku Komiti enkulu (Executive Committee) ye Congress ukuba iyohlolisisa, icite noma iqinise okulungisiwe, kuze emva kwaloko konke kuqiniswe ngoku pelele umhlangano omkulu wonyaka. (e) Emva koba imiteto seyamukelwe yahlazululwa iKomiti enkulu, izeke ishicilelwe ngesintu, ibe incwadi'mbili yesiXosa nesi Choana, yesiSutu nesiZulu. (f) Amalungu eKomiti kube yilawa:—

1. Natal:—Mr. J. T. Gumede no Mr. W. W. Ndhlovu.
2. Cape:—Rev. E. P. B. Koti no Dr. W. B. Rubusana.
3. O. F. S:—Mr. T. M. Mapikela no A. P. Pitso.
4. Transvaal:—Mr. D. S. Letanka no S. M. Makgatho.

(babe nokwenezelelwa)

UMr. R. W. Msimang, njengompakamisi, abe ngu Chairman weKomiti.

Kulezi'ndawo ezingapandhle kwe Union, kuketwa lamadoda ukuba abe ngabaluleki mayelana naleyo ndawo:—

1. Swaziland:—Mr. Benjn. Nxumalo.
2. Transkei:—Mr. E. Tshongwana
3. Bechuanaland } Basazoketwa
4. Basutoland }

Kubonakala sengati iKomiti iqonde ukuhlangana okokuqala eNewcastle, Natal, lapo kobe kukona umhlangano we Congress yakona, nalapo umhlaumbe amalungu amabili eKomiti obe ekona uMr. Gumede no Mr. Ndhlovu wase Vryheid. Kungaba kuhle ngoba no Dr. Rubusana beno Mr. D. S. Letanka bobe bekona. Sengati lamadoda eKomiti angapelela abekona, ukuze afakane kahle imiqondo kube kona nokuzwana. Sizwa futi ukuti bonke labo abanye abanezi ndawana nemiqondo yokuba ingafakwa ilungiselelwe, nenokusiza ukuhambisa nokupata umsebenzi we Congress—bangatumela kunobhala omkulu u:—

Mr. R. V. SELOPE THEMA.

---

## Ezase Dannhauser.

Ngombhla ka 20 kuyo leepezulu, esifundeni sase Newcastle, kuhlauliswe amadoda ngezinja. Kodwa pela izinja bezinamapasi, kodwa uSergeant wati ngoba azifakiwe amabhande kuhle ahlaule bekulapo amapasi ekona. Amadoda aya eDannhauser ecaleni, uma efika koca indoda inye yahlauliswa ishilingi 5s Wati uSayitsheni uma ningaya eNewcastle. ningahlaula ngeshumi 10s. indoda inye. Kodwa bafundangazi ukuba kulungile yini ukuba uSayitsheni ahlaulise abantu benamapasi ezinja; kanti isono yini uma inja ingenabhande? Kodwa ipasi likona? Futi esikomplazi sakwenye inkompani yamalahle ngesonto elidhlule kubanjwe amakosikazi amabili ngokutowa utshwala ezindhlini zawo ahlauliswa impondi ezinhlanu emunye. Sicela ukuba keniselulekelwe kulowa mhlola, ukuba kulungile yini ukuba umuntu ahlauliswe kangaka futi bahlauliswa kona lapo enkomponi. Lapela icala.

Imina Owenu,

S. MNCUBE.

---

KU MHLELI WE "LANGA."

Mngane,—Ngicela indawana epepeni lako ukuba ungifakele laba abakala isililo nokulahlekelwa kuka Mr. Tabete ngomntanake laba abamagama angezansi bekipe imali.

Messrs. D. S. Mokhema 1s. 6d., N. J. N. Masuku 1s. 6d., K. B. Masuku 1s., P. M. Sibisi 1s., W. J. Molefe 1s., J. P. Mteribu 1s., Elliott Mngadi 1s., John Motsoari 1s. Yonke 9s.

Yimina Owako.

N. J. N. Masuku.

---

(Ku Mhleli we "Langa")

Namba abantu abakipa imali yokusizu, kulawo manyala enzakala eNoodberg.

Messrs Paul S. Kunene 3s. Z. K. Dhlamini 2s. Geo A. Mangazi 2s. J. Francis Xulu 2s Abel Thoka 2s. T. B. Mnkwanyana 2s. Amon Xulu 2s.

Labo ke ngabaseCity Suburban. Ngojabula ngiqonde ukuti uyitolile.

Umqoqi,

J. FRANCIS XULU.

## Amaxoxo.

(NGU NDHLEBENDE)

Kukona into eyinqaba kuma Ngisi atela imali okutiwa iShilling Fund, atenge la amabuto ugwayi nosigazu, nosikilidi nokunye ke, engiti akuyi kumtokozisa uGqainyanga ukuzwa loku ngoba ngiti into emdinayo ogwayi laba.

Amasosha ati ugwayi iyona nto apila ngayo empini ngisho nelilimele into yokuqala eliyikulumayo kwaba fika kulo iti "ake ungi laitele.

Aseti wona amasosha ati uma ebona intutu kagesi iza ampolombe ugwayi abese em'pimisa namate wonke ushevu wamaJali.

UmBhorofeti (Prophet) wemihanga utole inyanga ezi ishumi nesishiyagalombili ngenxa yokungalondi akubonileyo kwesake isifuba.

Ngomgqibelo ziu 11 sitole imvula ema kaza kabi ukuti nangeSonto amakaza zyo akamvumelanga umuntu ahlabelele, ngoba ayehlaba kulo izinywana leli ese laqedwa ushukela oseku ukupela kwalo.

---

KU MHLELI WE "LANGA."

Mngane,—Ake ngiti ukufaka lendaba engidabula umoya wami. Kulwe abantu lapa—impi ipela—abaka Dumezweni nabaka Zimema. Abanye basagula, ngoba futi ngaleliyasonto babelwa futi. Namhla bapihlizene kwaze kwashlwa. Indaba enkulu nokusinisa ngamaSonto lapa. Yinqaba nje lapa eMpangeni namakolwa akona apuma eSontweni aqonde kona; sekuti kutiwa besesibuka ukuti kusafuneka imvuselelo ufumane beqonde kona ngezinkani abantu bakiti lapa eNgilandi.

Asazi ukuti yini abantu baze balakanise amasonto amabili belwa bepohlozana amakanda. Ngiyadabuka mina muntu oweza ngokusebenza lapa ngibe ngi ngowaseSilungwini.

Yimi owenu,

E. M. MBATA

Sugar Milling,
Empangweni.

---

UMSEBENZI WOMZALI.

Umfana wake ulimala njalo enyele noma ahlibike. Kutike ngenxa yokuba lamanxeba ese valekile akusabonakali ukuti ake abakona yini, kepa udinge ukuba utole igabana lika Chamberlain's Pain Balm umuti ongase ukipe bonke ubuhlungu njengoba kufanele. singabuye sibuke leso silonda. Anko umuti ongase ukusize kunalo; futi isihlungu se gazi siyingozi elimaziyo. Utengiswa yibobonke.

## Ezase Mnambiti

Kuke kwangana lawamacala pambi komteti wawo: Lika Dingumuzi, umfanyana, owati lapa elwa nomunye oyintanga yake, wamtshaya esikaleni. Wamishla pansi ngayo, kanti sekukupela kupela useya uze agcine ngokuba abulawe iyona leyo ngozi. Lisapenywa pela leli kalikanqunywa kulenkantolo.

/o/ /o/

Kubuye kwangena elika Jimuse Dube obede ezitshaya ngogodi wenyanga kanti uzihanyela abantu nje kasiyo. Ute eseze wabanemizi etile elapa kuyo, waze watola abenye indhlu, bayaunyenye zela amapoyisa ukuba welapa nje kananewadi. Nalapa sekusecaleni kwafakazeka ukuti bala kanayo incwadi. Wahlauliswa £7 10s. ati uba engenayo abeshwe izinyanga ezimbili.

/O/

Lawa macala adedele lalo lika Nodwengu, umfanyana nje obe mangalelwe umlungu, uPhilip Nicholson, eti wajola amavukutu ake amabili kanye namaqanda amabili. Hayike kwatiwa uNodwengu katiwe twi, imivimbo ibe ngumkoti ayekwe.

/O/ /O/

AoJalimane noTelapi baboshwe liBhunu. uJan de Niekerk, ngoba uti wati alusile isiklabhu kwafika bona lapa beba amahashi bawadabulisa pakati kwaso isiklabhu leso aselusile; wati lapa eti uyabakuza uNiekerk, bapenduka bamdakaza ngezintonga. Utike uNiekerk useza kuzibika kubo bakomkulu ukuba apindiselwe umteto. Balake inkantolo fike yakolwa awazwi ka Niekerk. Libalahlile laba bafo, banqunyelwa ukuboshwa izinyanga ezimbili besebenza impola.

/O/

Abuye amapoyisa angenisa elika Ngazula, owati ehamba nabanye epuma etshwaleni bahlangana nomunye umntu Hau, babe bayamusho, bayamusho ngezinduku. Abanye abatatu kabaqondanga lona abamtshayayo, ngaloko lanamatela kuye uNgszula. Waboshwa izinyanga ezintatu.

---

(Ku Mhleli we "Langa")

Bandhla lakiti, kuyatokozisa inxa umuntu ebona songati kuyaqala ukusa kwabakiti aseloku babehlezi emnyamenilapa kungakanyi nakancane kona. Kumbulani ukuti kwaza kwapela iminyaka emashumi mane abakwaIsrael bedukuza ehlane, beti baya ezweni ababetenjiswe lona kepa bengenako ukufinyelela kulo, laza lati iningi labo lafela endhleleni inganti kus'eduze lapa beya kona, ngenxa yezinhliziyo zabo ezilukuni. Makungetuki muntu ke wakiti inxa ezwa ukuti uyinzalo ka Israel—abantu abake badukiswa kangako. Musani ukubheka nokubheka ukuti izinduna zenu lezi ezinipeteyo zingavuma ukuhlangana nani lapa niti niluleka izwe: naku Moses kwaba njalo, kwokoko benu, kabamvumelanga, pezu koba wabe ebakipa ekuhlupekeni okungakaya okwase kubanengile. Inxa nipete izindaba esezikataze umhlaba kangaka ningawanaki nokuwanaka amakosi enu lawa—yebo nitsho njalo ukubabiza kwenu, ingati elona liyilo ngelokuti "amaduna," ngoba inkosi yetu yinye kupela, uGeorge V, opatelwe yinduna yake enkulu, uLusiba-lukulu uLord Buxton, ekanye namasekela ake. Ningazihlupi-ke ngamaduna lawa, ayesaba, esaba ukuti angahle alimale, ngoba kade kwakulili mala abanye kepa kuugaboualili sicesibulimazayo. Nina pela esenikanyi siwe nil'ubhaqa lomhlaba; ningatsho ukuti konje sizakwenze njani, loku namapa abaholi betu bengaselekeleli lapa sikuluma loludaba. Kumbulani ukuti noMoses wab'engesiso isikulu pakati kwabakwa Israel, wab'engumntu nje owabe etolwe indodakazi kaFaro ese isi kundhlwane efihlwe emfuleni emhlangeni. Aiko neyodwa indaba enhle, ezakusiza umhlaba, engahle isekelwe ngabakulu. Kumbulani izwi las'endulo lokuti "elempofana livunywa muva.' Ukusekelana kwabantu kuy'into enkulu ngoba kuy'isiminya ukuti "ukuhlangana kungamandhla." Ziningi izindaba ezituhlungu ezenziwa kubantu okuti ngokungaqutshwa kwazo ngenxa yokwesabeka komlungu kubantu zinyama lale zingezwakali—ezimbi impela ezifana nayo lena yomntwana ka Tabete. Zakeni madoda, ningabheki ukuti niza kwakiwa ngabanye abantu; niyazi nan ukuti "akuko'nkwali epandela enye.' Kade saduka, siduke kona mdhla uMoses ekipa okoko betu eGipite, bamhlubuka ngezinhliziyo; baza babhinelwa ngelokuti: "Abasayikungena ekupumuleni kwami."

M. M. FUZE.

---

IMFIHLAKALO.

Isizatu sokuba kube kona umuntu oguliswa ilezizifo zoku kohlela, nokungapili kwesisu, siyimfihlakalo kulabo abake bausebenzisa iChamberlain's Salve. Uku luma kwesikuma'na nokutshisa kueishikuba kwelashwe ngokupazima kwesa inxa umuntu ezclapa nge Salve futi amadosha nje angemangaki elapa ngendhlela eyahlukaneyo.

(KU MHLELI WE "LANGA")

Nkosi yami, ake ungivumele ngixoxe ngengikubonileyo kwenziwa umsebenzi kaNkulunkulu ngoba nayetu emihle siyatanda ukuyincoma.

1. Kwati ngeSonto ngomhla ka 22 kuAug. yatsho insimbi egqumeni engiti kumbe yatata nola lonke Empumulo. Abantu baqala babutana ekaya lomfundisi ngo 10 o'clock ekuseni pambi kwendhlu, kwahlabelela izingane zonke zesikole ezazi 400, zilandelana ngama xiba azo.

2. Ngo 11 o'clock kwenziwa ihele elikulu labantu okungati babeu 1,000. Pambili kuhola abefundisi abamhlope bepete izitsha ezingcwele nezincwadi ezingcwele zendhlu yeSonto. Bonake belandelwa amadoda omhlangano angati aqu140. Kulabo kulandela abafana namantombazana aseMpumulo Training College. Leboke, belandelwa umpakati wonke.

3. Kwangenwake endhlini yeSonto entsha eyaginga abantu abu 800. Kwasala izingqibhanqibha pandhle, kute ke kwaqala ikwaya laseMpumulo. Wo! hayi musa! Emva kwatata elakwa Mapumulo. Emva kwasho elaseShowe.

4 Inkonzoke yaqala ngomfo kaMbangambi, uMr. Levi Mbingo ebonisa kakulu ngokwakiwa ngemizamo kwale ndhlukazi enkulu namhla okungenwa kuyo, yokudumisela igama likaNkulunkulu.

5. Umsebenzi waseAlter upetwe uMongameli uRev. K. R. Leisegang noRevs. P. A. Rodseth, P. R. Stromme, L Dahle, G. Bovim, S. Frikson, O. Aadrusgaard, N Braatveldt, L. Aadusgaard, T. M. Leisegang, J. Nzuza, & M. Mbuyazi.

6. Intshumayelo yapatwa uRev. P. A. Rodseth okwaba uyena owayivulayo indhlu, eseqedile ukushumayela.

7. Emva kwentshumayelo, kwenziwa umnikelo; kwatolakala £29. 10, ibandhla lonke lasuka lazungeza iAltar njengomkuba wakona.

8. Inkonzo yagcina ngoChief Jno. Mcobela Ntuli yene wati ukusuka wayokumbula abangaseko abafundisi ao Rev. Hans Schroeder, Tobias Udland, C. Leisegang, ecindezela izwi lokuti kufanele impela ukuba wonke umuntu nomsebenzi wabefundisi abawenzayo.

9. Emva kwalokoke kubuye kwatata wona amakwaya ase shiwo pambili kwase kugcina.

Rev. Salatheel Msweli (Ongoye) Rev. Joseph Seme (Ekombe) Rev. Petros Lamula (Tekwini) Rev. Elias Msomi (Tulini) no Rev. Philip Langeni (eHlungwini.)

Umsebenzi wenziwa uye uMongameli Rev. K. R. Leisegang elekelelwa ibo abefundisi asebeshiwo ngapambili eshumayela etatela ku Job 29 ecindezela ukuti ukuzitoba nokuzitiba yikona okwenza umfundisi abenamandhla ukwelula ingalo yake pakati kwabantu eba kombisa iUndhlu lika Nkulunkulu elisusa izono zezwe.

Intshumayelo yenkonzo yenziwa uRev. Sol. Msweli. Efakaza ngokucicima komtombo wamanzi okupila kumuntu okolwayo.

Lenkonzo yaipatelene namazwi anzima abefundisi abadala ingene ngaku Rev. S. Eriksen igcina ngo Rev. N. Braatveldt.

Ngatike Mhleli nabafundi beLangu nxa ngipakati kwalenkonzo ngakumbula imihla yamandulo kubafundisi betu, ngoba pela lenkolo esesikuyo nohlobo esekukonzwa ngalo uma umuntu engibuza ngingemcacisele ukuti iyipi, otandayo angasho nje ati, qa elaba Farisi, umuntu angapiki kakulu. Hayi bandhla bayakonza laba bantu base Norway, bafana futi ne Church of England ngoba lamabandhla omabili azikonzi.

Yimi owabekona,

SIMAMANE KUZWAYO.

---

## Ukungalali kahle.

Inkosikazi eti uma ivuka ekuseni izwa umzimba ukatele ushone pansi idinga usizo engase ilutole kuna Pink Pills ka Dr. Williams, okuyiwona eyohlanza igazi libe lihle enze nemitambo iqine kahle.

Kukona ukungalungi kwegazi okuningi okubangwa ukuba lisuke selilincane lona emzimbeni, kepa iningi labantu besifazane baye bangaku naki loku okuyingozi kangaka. Loku kungalungi kwegazi ngohlobo olunjalo kuye kwenze ubutongo bungehli ngesikati lapa umuntu eselala. Kwesinye isikati loku kuza nobuhlungu bekanda nesihudo. Loku ikona okufuna amaPink Pills ka Dr. Williams angalimazi ngaluto. Nika amaPink Piils ka Dr. Williams isilingo sokuqala ngeqiniso uyakuzwa impilo entsha emva kwaloko. Nokudhla okade ungasaku tandi manje sewukutanda ngesikati sako.

Lomuti uyalihlanza igazi ngaloko libe seliba liningi, loko ke kuleta ukujabula emitanjeni yonke yomuzimba nobutongo ongasabazi, ujabulele nemisebenzi yako emva kwaloko. Linga lomuti kuko konke ukufa okubangwa igazi elincane emzimbeni.

Namupi umtengisi anganika amaPills ka Dr. Williams noma utumele kuDr. Williams Co., Long Street, Cape Town uyotunyelwa igabha elibiza 3s. 3d. uma eyisitupa 17s.

---

UBUTAKATAKA BWEZINJANE.

Ezinyangeni zehlobo izingane zisuke zisengozini yokungapili kahle kwezisu, njaloke kudinga ukuba kuqatshelwe kakulu. Ukuze kuputunywe nge Chamberlain's Colic Cholera ne Diarrhœa Remedy kusajala nje kungakabi namandhla. Utengiswa yibo bonke.

## Ukonakala Kwegazi Okwavezwa Induna.

UBUHLUNGU NOKUVUVUKA OKWESABEKAYO KWAQEDWA UZAM-BUK.

UMr. J. P. de Vries umtungi wezicatulo wasePlantation Street, uti umtwali weposi waseBlaufort West, ekuluma ngokwelashwa kwake okumangalisayo kuka Zam-Buk:—

"Ngamilwa induna nje encane ngase muva kwendhlebe yami yangase kunene kwati ngenxa yokuba kwakuluma, ngaze ngagcina ngokuba ngizenwaye nga yihlikiza kwase kuba ukonakala kwegazi ke njalo. Ikanda lami lavuvuka lati mikiti, ngangoba ngangingasaboni neze ngenxa yokuba kuvuvuka. Ukuqaqamba kwalobobuhlungu bangenza ngapelelwa ubutongo emini nasebusuku ngase ngahluleka naukucambalala kodwa loku. Ngangigula impela ngamelwa ukuba ngilale pansi amasonto atize Izihlobo zami zaqala ukuba novalo se ngati angisoze ngapila, nakuba ngangelashwa inyanga eyayi nesineke ngemiti yayo neminyeke imiti engangi nayo kepa ukupila kwaku ngasatengiwe.

Kwaze kwati ngenhlanhla nje ngazimisela ukuba kengilinge uZam Buk, ngase ngiqala ukuba ngide ngizigcoba ngawo lonke ikanda mihla yonke. Loku kugcoba ngoZam-Buk kwabonakala kwenza isimangaliso, ngoba ukuluma loku enganginako kwapela masinyane nokuvuvuka kwabohla.

Kwaba isimangaliso ukubona uZam-Buk ekipe bonke ubuti kuleyondawo lapo ukufa kwaqala kona. Kwati sebu pumile ubuhlungu, ngase ngise ngabona ukubeka isineke njalo ngoZam-Buk Ngati ngetuka ngase ngisindile, sengilungele ukuba ngibu ele emsebenzini Sekupele iminyaka eyisitupa ngapila, futi akuzange kubuye kubonakale loko kufa. Impela ukubonga kwami kukulu ngoZam-Buk."

Ungahlala utembile kuZam-Buk ukuti ungumuti wesikumba onamandhla okupilisa. Wenziwe ngemiti engamakambi amangalisayo, wenziwe ngobuqinga. ngaso sonke isikati uhlala una mandhla okupilisa. Welapa izilonda, imilenze exwalileyo, amanxeba, imibandamo, nazozonke izifo zesikumba

UZam-Buk ungelinganiswe namiti, Ungakohliswa imiti engenamkuba evamaukuba iqubezele ukuqa pambili. Kepa qapela ukuti utenga uZam Buk ngoqobo. Ubiza 1s. 6d., 3s. 9d., kubobonke bemiti nabempahla nomake utumela kwabe Zam-Buk Co., 9, Long Street, Cape Town.

---

KUMHLELI WE "LANGA"

Baba, Ngicela indawana epepeni lako elidumileyo Ilanga lase Natal ke ngi landise abafundi balo erase Mpangeni, enkantolo. Ngombla ka 15 September bekutetwa icala lika Zitume wakwa Biyela uMr. Clerk. UZitume wetuse inkuku ngeNkaluvasi yakala inkuku kakulu impela, ute eqamuka uButcher kabesabuza kuZitume wasehla ngesicatulo nangenqindi. Ai, jhle inqabe insizwa yomuntu, loku pela nati tina'ndhlu emnyama asisifundanga emakolishi, siyasivika ngesiny'isikati; ahl'apenduke umuntu asifake ku Butcher, simvale iso. Ahlehlele emva manje umlungu asukeke umuntu angene lapa esebenza kona eBakehouse, avale umnyango. Afike uButcher ashaye umnyango. Avuleke umuntu ahle amsikaze ngomese. Atule nje umuntu ambuke; angaz'anyakaza. Ihle ibuye insizwa lena yomuntu imkapeze iti masuke. Abeseqonda eNkantolo ke. Wase ebanjwa ke umuntu, selitetwake icala. UMagistrate uMr. Turner wati nje, "Ngiyazi uba abelungu badhlala ngabantu. Puma wena Mfana uhambe ngikushuka ngendhlebe." Badumele abelungu. Bati eMr Turner uvuna abantu, yinkosi yabantu ngoba nmteto wake ukalipa inxazombili komhlope nakumuntu omnyama akancengi bulungu uhambisa umteto ofanele wenziwe zonke izinkantolo.

Sonke tina lapa Empangeni sijabula kakulu ngo Mr. Turner ngoba katandi umlungu adhlale ngomuntu. Uyamlahla umlungu ngomteto amlahle nomuntu ngomteto. Au, uhambe umlungu esedabuke kabi eshaywe ikafula alaze laboshwa, icala lavuma ikafula Sengati loku kungaba umteto kuzozonk'izinkantolo bayeke abelungu ukudhlala ngati betembe uba bezauvunwa bodwa.

Kabaqondi uba noma umlungu ekushaya uyeka ngabomu nje ukumshaya ngoba sesaba umteto asibesabi bona uqobo. Nati siyodinwa ukwehlelwa ngapezulu noma singentozaluto kubo abelungu sesaba umteto wabo okalipa nganhlanye njengomese. Tetelela Baba.

L. B. S.

---

## Umbiko Wofileyo

Ziyaziswa zonke izihlobo ukuti indodakazi ka Chief Isaac Mkize yokupela uMarianne Mkize uNkulunkulu uyitatile yemuka ngokutula ngomuhla ka19 September. "Intando yake mayenziwe emhlabeni njengaseZulwini". UChief uyanxusa uma abazalwane bamkumbule ngemitandazo kanye nenkosikazi yake, nendodana yake eseku'kupela kwayo uNkulunkulu asamshiye nayo.

---

UKUBABA KOMLOMO.

Uma umlomo wako ubaba ungafuni kudhla ekuseni, kusuke kukona izindawo ezinga sasebenzi kahle esiswini sako. UChamberlain's Tablets uyaku pilisa ukujede ukungatandi kudhla. Utengiswa yibo bonke.

## Isaziso Esibukali.

Umhlangano we Natal Native Congress uyakuhlangana eNewcastle ngomuhla we 5 ku October, 1915.

Njengokuba kwadabukisa umhlangano we S.A.N.N.C. ngokuzwa ukuti umuzi wase Newcastle wezwiswa ubuhlungu ngokupendulwa komhlangano usiwe eKroonstad, Nanjengokuba umhlangano eKroonstad wavumelana uku ba noDoctor W. B. Rubusana, noMr. Letanka kahlabele eNatal ngezindaba iNatal Native Congress iyakuhlangana ngo 5 ku October, 1915, eNewcastle ngesikati sika 10 a.m. (kusasa).

UMSEBENZI

1. Kuyakuhlanganiswa imali yokukoka icala le £180,—elenziwa ngamaNxusa eEngland.
2. Amagatsha atumele aofagolweni abakishwa amalungu abenule ku Mlondi wesikwama kona emhlanganiweni eNewcastle.
3. Amanxusa kanye noMongameli, u Rev. J. L. Dube, ayakwenza umbiko wohambo lwawo peshiyanase Jozi pambi kwamalosi.
4. U Dr. W. B. Rubusana uyokweneka pambi komhlangano icebo lokwenza nokubumba imisebenzi.
5. Kuyaukuhlanganiswa futi imali enga £24, izindhleko ngokulungiswa komkuleko owawela namaNxusa ukuya eEngland.
6. Umuzi, igatsha laseNewcastle liya celwa ukuba li lungisele omhlangano. Bayamenywa bonke.

Abenu,

STEPHEN MINI, PRESIDENT N.N.C.
J. T. GUMEDE, SECRETARY N.N.C.

2/9/15.

---

## IMIFANEKISO.

Emihle, emikulu ka Solomon ka Binuzulu ingatolwa ngofagolweni. Ilungiswe kahle kuma Cards amakulu awenziwe ngobunono. Iwoza owatateka kahle umfanekiso wendhlalifa ka Dinuzulu.

Tumelani ufagolweni ngePostal Order ku

A. H. TODD,
Chemist,
Red Hill, Natal.

## NOTICE.

Any person knowing the address of any of the undermentioned are requested to communicate same to:

**Brokensha & Co.,**
P. O. BOX 39,
DUNDEE.

Minnie Fredericks (Woman),
Fred Kuzwayo,
G. M. Kambule,
Daniel Mkwanazi,
Hezekia Magudulela
Citumuzi Radebe,
Jani Misibi,
E. C. Lepele,
Aaron D. Blosse,
Luke M. Nyokana,
B Madhiala,
Herode Hlatwayo,
Saul Nxumalo,
Daniel E. Ndaba,
Masoja Ndhlovu,
Nzanena Mdhlalose,
Elijah Mfengeni,
Nobenze Ntsele,
Sanzole Mkwanazi,
Elijah Ntilityati,
Aaron Ndhlovu,
Shadrack Mngadi,
E. S. Stephens,
Jos. van Jaarsveldr,
M. M. Ziqubu,
George Muncube,
David Ngwane.

## ISAZISO.

Ngazisa bonke abantu bakiti ukuti sonke abatanda ukwenzelwa izinto zaseziNdhlela, barga leto ama order abo, noma bangabhalela kuni. Izintoke ngi nazo zimi kanje:—

Dovetail Cloth boxes, Church benches, Tables, Round Tables, Chest drawers, Wardrobe, Dressing Tables, Looking Glasses, Picture frames, or framing the Certificates for the Teachers, Sofa Chairs, Beds. Window frames, Window casement, ready made with the Glasses, Complete, Door frames, panel Doors, Glass Doors, and panel hand doors and deals, for the outside. Writing desk for the Teachers, house abafuna ifenisha (furniture) benoshado banga leta ama order abo. Nabafuna ukwa kelwa indhlu, nga manani apansi nje. House building, Brick Makers, and kilu builders Drawing, and the house plans. First Class Work.

Ishaluba (Shop) lenu lingaku, 5 Turners Avenue Berea Road, Durban. Noma isipi isikati bhala uyi qonkise ku

A. P. KHUTTISE,
Fire Wood Seller,
Native Market,


# BONKE ABANTU.

Bayazi ukuba **Otukululayo** umuti opambili kubo bonke abawu sebenzisayo. Nanku ke omunye osebenza isimanga njengaye umatukulula.

# Umuti - - - - Wezilo

## Hartley's Oriental Vermifuge.

Niyobona nge Ndhlovu kuwo onke amagabha.

UMAQOTULA.

Niyobona nge Ndhlovu kuwo onke amagab

**Umuti Obomvu Wezilo Ezibomvu, ka Hartley.**

Ungapezu kwayo yonke eke yenziwa, ayinze kubanywana abangapansi konyaka bezelwe, nasebeqinile, amaqhwa amapezulu, kuze kube kwesinedolo, nomtata wexegu. Bonke abangawupatanga ngakenda umvangaliso.

Uma ngabe unazo izilo, utyaya uqonse zonke ezikona (umaqotula).

Uma bezinga kabiko aziyipatele zi sona ezi ezilela emangalisayo osebenza ngayo emzimbeni nase mushwini wesi ezi ngaba ubuhla.

UMUTI OBOMVU KA HARTLEY wenziwe kuhlawe izilo ezibomvu, ngako azibulala zonke izinhlozo ezikona ustomake azimhlope noma ilupi uhlobo.

Ningageji ukuba naye uHARTLEY'S ORIENTAL VERMIFUGE.

Uyobona ngegoma neNdhlovu kuwo onke amagabha.

Uma abantwana bako benza ngelisi esebla kozo ezibomvu, bapuzise uMaqotula bayoneibilika masinyane. Nokwa lingelo kuhle ubaj uzise umaqotula ka Hartley, ahlanze yonke into yakuli emzimbeni nase sisweni. Bakule benempilo enhle, benamandhla, amaqhwa amazikwepa nabesifazana abaqinile.

**Inani NGEGABHA 1s.**

Utunyelwe ngePosi 1/3.
Amagabha amatatu 3/6 sekuhlangene ngePosi.
" ayisitupa 6/6 " "
Uma utunyelwa eRhodesia nase Phesiwana, kufuneka u6d. ngapezulu ngeposi kwala nomani angenhla.

TUMELANI POSTAL ORDERS KU—

**Mr. A. H. TODD.**
(UMENZI KA MATUKULULA)

**RED HILL, Natal.**